BLACKSASH
MAKING HUMAN RIGHTS REAL

IBlack Sash ifuna ukuba uhulumeni anikele njalo Usizo Lweholo Eliyinhloko kubantu abaphakathi neminyaka eyi-18 ukuya ku-59 abathola iholo elincane!

Ukuntengantenga kwezomnotho neCovid-19 kubhebhethekise ukusebenzi, ukuhlupheka nokungalingani. Uhulumeni uye waqalisa ukusiza ngokwezimali ukuze enze isimo esibangelwe ubhubhane sibe ncono. Enye yezindlela asiza ngayo kube ukuxhasa ngesibonelelo sabangasebenzi se-R350 Covid-19 Social Relief of Distress (SRD), kanye nalabo abanakekela abanye, lemali iye yasiza kakhulu, kanti futhi iye yabonisa ukuthi uhulumeni uyaqonda ukuba abantu abangasebenzi abakwazi ukuzisekela. Ngemuva kwezimfuno zomphakathi, lesibonelelo saqhutshekiswa kuze kube uMashi 2024.

INCAZELO EBALULEKILE

USIZO LWEHOLO ELIYINHLOKO

Usizo Lweholo Eliyinhloko isibonelelo sabantu abaphakathi neminyaka eyi-18 no-59 abangaholi nhlobo noma abathola iholo elincane esimweni lapho kuba nzima khona ukuthola imisebenzi

I-UNIVERSAL BASIC INCOME GRANT

I-Universal Basic Income Grant imali uhulumeni ayikhokha njalo kubo bonke abantu abahlala eNingizimu Afrika. Kungakhathaliseki ukuthi baqashiwe noma bafuna umsebenzi noma abawufuni, bacebile noma bayahlupheka, noma ukuthi baneminyaka emingaki.

I-BLACK SASH IFUNA UKUBA UHULUMENI

1. Anikeze usizo lwasikhathi sonke lwezimali kulabo abaneminyaka engu-18 no-59 bathole imali engango-R1,558. 00 ngenyanga, okuhlanganise nalabo abahola imaliyeqolo;
2. Imali yesibonelelo se-COVID-19 kumelwe ikhushulwe ngo-R250 ngenyanga futhi kumelwe yenziwe ihlale njalo kuzo zonke izinhlobo zesibonelelo;
3. Aqinisekise ukuthi konke lokhu kuyenzeka nakubabaleki, kubantu bokufika asebehlala kuleli, kubantu abafuna usizo kuleli zwe nakubantu abavela kwamanye amazwe kodwa abasebenza lapha abanezimvume ezikhethekile; nokuthi
4. Asebenzeleekunikezeni iholo likawonke wonke eliyinhloko!

IZICI ZE-UNIVERSAL BASIC INCOME

I-Universal

kumelwe ivulekele wonke umuntu

Umuntu ngamunye

Kumelwe yenzele abantu ngabanye, hhayi umndeni noma enye inhlangano

Kumelwe ingabi nemibandela

akukho mibandela okudingeka uyenze ukuze uyifanelekele

Ngokuhloniphekile

Inani lemali etholwayo kumelwe libe likhulu ngokwanele ukuze kuqinisekwe ukuthi umuntu angaphila abe nesithunzi futhi akwazi ukubamba iqhaza emphakathini

BLACKSASH
MAKING HUMAN RIGHTS REAL

Njengoba iNingizimu Afrika ingenawo amathuba anele emisebenzi, sidinga uhlelo lokuvikela umphakathi oluzoqinisekisa ukuthi abantu bayazi ngamalungelo abo. I-SRD iwuphawu lokuthi uhulumeni uyaqaphela ukuthi kunzima ukuthola imisebenzi, nokuthi amathuba okwenza imisebenzi kumelwe ahambisane nokuxhaswa ngokwezimali kwalabo abangasebenzi. Ukuxhaswa ngokwezimali kuyisinyathelo sokuqala sohlelo lokusiza abangasebenzi, njengamanje uhulumeni kumelwe asebenzele ukunikeza njalo abantu Isibonelelo Semali Eyinhloko.

Izibopho ezingokomthetho

Umthetho Sisekelo umthetho omkhulu eNingizimu Afrika. Uhulumeni ngokomthetho sisekelo Engxenyeni 27 Yomthetho Sisekelo unesibopho sokuthi kumelwe aqhubeke esize labo abangakwazi ukuzisekela. Uhulumeni uphinde wavuma ngokusemthsethweni ngaphansi kwe-International Covenant of Economic, Social and Cultural Rights (ICESCR). I-ICESCR itusa ukuthi “labo abaphakathi neminyaka engu-18 no-59 abathola iholo elincaner noma abangalitholi nhlobo bathole usizo kuhulumeni" nokuthi uhulumeni acabangele ukusiza wonke umuntu ngesibonelelo esiyinhloko sikawonkewonke. Uhulumeni kumelwe asheshe ukusebenzisa le mithetho!

KHULUMA KUZWAKALE!

Vakashela Amandla.mobi ukuze usayini isicelo sethu futhi uhlanganyele ezingosini zokuxhumana usebenzisa i #18to59 years

Vakashela www.blacksash.org.za noma uthumele i-imeyile ku-bis@blacksash.org.za ukuze uthole okwengeziwe

BASIC INCOME Support #18to59